**USARS UZINIKELE EKUSHESHISENI INQUBO YOKUHLANGABEZANA YESIKWELETU SENTELA**

**Tshwane, 30 kuMandulo 2025 —** UPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (uSARS) luhlala lukulungele ukusiza abakhokhintela ukuba bagcine izibophezelo zabo ngokomthetho. Abakhokhintela abanesikweletu sentela kaningi bangakuthola kunzima ukukhokhela izikweletu zabo ngenxa yezingqinamba zezezimali. USARS unezindlela eziningi zokuqoqa isikweletu esisilele. Ukubheka lolu daba, uSARS uhlangane Nemikhandlu Elawulayo Egunyaziwe (ama-RCB) ukubheka izindlela eziningi okungalekelelwa ngazo abakhokhintela ukuba bakhokhe izikweletu zabo esikhwameni sombuso.

Kulo mhlangano, izinhlangano zixoxe ngokuhlinzekela Kokuhlangabezana Ngesikweletu njengoba kuhlinzekelwe kuNgxenye D yoMthetho Wokuphathwa Kwentela, okungase kubhekwe ngaphansi kwezimo ezithize. Sivumelene nama-RCB ukwethula Inqubo Esheshayo Yezikweletu Zentela. Lokhu kuyingxenye yokuqondanisa nokuzinikela phakathi kukaSARS nama-RCB ukuthola izindlela zokubuyelwa izikweletu ngokushesha ngokuhlinzekelwa uMthetho Wokuphathwa Kwentela. Inqubo evamile yokuhlangabezana ngesikweletu ihlala ivulelekile kubo bonke abakhokhintela.

USARS uzosebenzisa lokhu ozokufunda enqubweni yokuhlangabezana esheshayo ukuphucula inqubo yokuhlangabezana ukuze ihlomulise bonke abakhokhintela. Kuzoba nendawo eyodwa ykungena ezobe ibhekele izicelo ukusukela ngoMsombuluko, mhla ziyi-13 kuMfumfu 2025. Yize le nqubo yokuhlangabezana ngesikweletu sentela izoqala ngama-RCB, ngokuya kwemiphumela, uSARS ungase emva kwesikhathi uyisebenzise kubo bonke abakhokhintela.

USARS uzokwazisa ngale nqubo yokuhlangabezana ngesikweletu sentela yonke indawo, kanti umema ama-RCB ukuba asebenzisane nawo kumaseshini okuqwashisa, amawebhina, kanye nokuxhumana okuqondiwe ukwenza lula ukuqondwa kwenqubo.

**Okumqoka ngalo mkhankaso**

a) Inqubo yokuhlangabezana esheshayo isebenza ezikweletini okungaphikiswana ngazo ezingaphezulu kwezinyanga eziyi-12.

b) Izikhungo ezingaphansi kwenqubo yokusulwa kokugcina ekubhalisweni kwama-CIPC, lezi ezimelwe ukuphenywa ngamacala obugebengu, nalezo ezingaphansi kohlelo lokuhlangulwa zona azifakwa.

c) Bonke abafakizicelo kumele bahlinzeke ngamadokhumenti asekelayo lapho bethumela izicelo zabo. Kubalulekile ukuba okudalulwayo kube yikho, ukuhluleka ukwenza lokho uSARS angase angazibheki lezo zicelo.

d) Izisebenzi zentela ezibhalisiwe kuma-RCB bangaqondisa amakhasimende angabakhokhintela ngezidingo zokuhlangabezana ngezikweletu, kubandakanywa namadokhumenti asekelayo adingekayo ngokuhambisana Nengxenye D yeSahluko 14 soMthetho Wokuphathwa Kwentela.

e) USARS uzinikele ukuxazulula izicelo ezifanelekayo emasontweni amane, usebenzisa amathimba azinikele nokuphathwa kokuhamba komsebenzi okuphuculiwe.

f) Kubakhokhintela abangabathobeli nalabo abangeyona ingxenye yenqubo yokuhlangabezana, uSARS uzobuyela ezindleleni ezijwayelekile zokuphoqelela kulabo bakhokhintela abangathobeli. Ukwenza ukungathobelu kube nzima futhi kumbe eqolo, lokhu kuphoqelela kuzobandakanya imiyalelo ebhaliwe yokwenza ngokwezinqumo zenkantolo.

**Ukuphuculwa Kokusebenza Nobuchwepheshe**

Amathimba ama-akhawunti nezinsiza zobuchwepheshe, kubandakanya nezinhlelo zokubeka usuku lokuvakasha ku-inthanethi kwezisebenzi zentela, sekuhleliwe ukweseka inqubo nokuxazulula izingqinamba zokusebenza.

**Okuzokwenziwa kokulandelela kukaSARS nama-RCB**

Ngokuhambisana nezingxoxo ezibe khona phakathi kukaSARS, nama-RCB zizocacisa izidingo zenqubo yokuhlangabezana esheshayo nokwenza ukusebenza kwayo kungabi nazihibe.

Ngolwazi olwengeziwe, sicela uxhumane ne SarsMedia@sars.gov.za.